

**NguMongameli
Dieter F. Uchtdorf**
Ikhansela Lesibili
KubuMongameli Bokuqala



Abangcwele Kuzozonke Izikhathi

Ngisakhumbula ngiseyingani ingxenywe yezwe leyo eyayisebenza njengesithombe seposikhathi yesikhathi esishintshayo sonyaka. Inyanga nenyanga eyadlula yayinkazimulo futhi iyinhle kakhulu. Ngenkathi bosuku obuhle ebusika, iqwa elalithokomele lambesa izintaba kanye nemigwaqo yedolobha. Intwasahlobo yaletha izimvula ezazihlanza kanye nempilo ehlaza yaqakaza. Izulu elalibalele lasehlobo laletha ubuhle benkonkoni ukuze ilanga likhazimule esibhakabhakeni. Inkwindla eyayimangalisayo kakhulu yashintsha indalo yaba imithunzi wombala owuwolintshi, ophuzu, futhi obomvu. Ngiseyingane, ngangithanda zonke izikhathi zonyaka, futhi kuze kube yilesikhathi, ngithanda imvelo yazo kanye nokungafani kwazo.

Futhi nathi sinezikhathi ezimpilweni zethu. Ezinye zifudumele futhi ziyajabulisa. Ezinye azinjalo. Ezinye zezinsuku zempilo zethu zinhle njengezithombe ezikukhalenda. Futhi kukhona izinsuku kanye nezehlakalo lezo eziletha ubuhlungu futhi zingaletha ezimpilweni zethu imizwa enamandla yokudideka, ukuzisola, futhi nobuhlungu.

Ngqiqinisekile ukuthi ngesinye isikhathi siyesacabanga ukuthi kungaba kuhle ukuyohlala ezweni eligcwele kuphele izithombe zezinsuku ezinhle zezikhathi zonyaka futhi sigweme izikhathi ezimbi phakathi.

Kepha lokhu akusoze kwenzeke. Futhi akufiseki. Njengoba ngibuka impilo yami, kusobala ukuthi ezikhathini eziningi ukukhula okukhulu engikutholile kuze ngenkathi ngidlula ezikhathini zobunzima.

uNkulunkulu wethu sonke ohlakaniphile ube azi ukuthi ukuze abantwana Bakhe bakhule babe ngabantu ekade bedalelwe ukuba yibo, kumele bakwazi ukuthola isifundo sezikhathi zobunzima ngenkathi bephila empilweni yokufa ngokwenyama. uMprofethi uLihayi weNcwadi kaMomoni wathi ngaphandle kophikisayo, “ukulunga akusoze kwaphumelela” (2 uNifayi 2:11). Ngempela, ubumuncu bempilo obenza sikwazi ukubona, siqhathanise, futhi sijabulele ubumnandi bayo (bona D&C 29:39; uMose 6:55).

uMongameli uBrigham Young uyibeka kanjena: “Bonke abantu abahlakaniphile bagcotshwe ngemiqhele yenkazimulo, ukungafi ngokwenyama, futhi impilo yangunaphakade kumele iphumelele kusosonke isehlakalo esinikezwe abantu abahlakaniphileyo ukuba basidlulisele phambili, ukuze bathole inkazimulo yabo kanye noku-phakamisela embusweni ophezulu. Bonke ubunzima obungeza kumuntu wonke ophilayo kuzakuhlushekelwa . . . ukuze balungiseleleke ukujabulela ukuphila kanye neNkosi. . . . Isinyamezelo ngasinye kanye nesifundo odlule kuzo zidingekile ukuba uthole insindiso.”¹

Akuwona umbuzo wokuthi mhlawumbe sizakuthola isifundo ezikhathini ezinzima kepha ukuthi sizakunqoba kanjani ubunzima. Ithuba elikhulu esinalo ngezikhathi zempilo ishintsha njalo ukubambezela kakhulu egameni elinokholo likaNkulunkulu, ngokuba umyalo wakhe awakhelwanga kuphela ukusiza thina sinqobe ubunzima bempilo kepha ukuba usiyale sikwazi ukudlula kuzo. Ubaba wethu waseZulwini unikezele ngezwi Lakhe kuba profethi Bakhe — ulwazi olubaluleke kakhulu olwakhelwe ukuba lusihole sikwazi ukudlula ezivivinyweni zobunzima bezikhathi sifikelele enjabuleni emangazayo kanye nokukhanya okuhle kakhulu kwempilo yangunaphakade. Kuyingxenye ebaluleke kakhulu kwisifundo sempilo yethu ukuba sakhe amandla, isibindi, kanye nokuthembeka ukuba sibambezele kakhulu eqinisiweni kanye nasekulungeni ngaphezu kobunzima esihlangabezana nabo.

Labo ababhabhadisiwe futhi abathole isipho sikaMoya oNgcwele bathathe isinyathelo endleleni yokuba yizinceku futhi bayaliwe ukuba balendele ngokuqina futhi nangokholo ezinyathelweni zoMsindisi wethu.

Umsindisi wafundisa ukuthi ilanga livela “kulona onobukhohlakali kanye nalona olungile, futhi . . . imvula [ina] kulabo abalungile kanye nakulabo abangalungile” (uMatewu 5:45). Ngesinye isikhathi asizwisisi ukuba kungani ubunzima, kanye nokungalungile, kwezinto zenzeka empilweni. Kepha njengabalandeli bakaKristu, siyakholelwa ukuthi uma “sifuna ngempela, sikhuleka ngasosonke isikhathi futhi sikholwa, . . . zonke izinto zizahamba ngendlela [thina] esifisa ngayo, *uma* [thina] sihamba siqondile” (D&C 90:24; ukugqizelela okungeziwe).

Njengamalunga eBandla Lakhe, njengabaNgcwele, sisebenza ngokusiza ngenjabulo futhi ngentando yethu kuzozonke izimo kanye nezikhathi zonke. Njengoba senza njalo, izinhliziyo zethu zizogcwala ukholo, kanye nethemba eliphilisayo, futhi nozwelo olungcwele.

Nokho, kumele sidlule kuzozonke izikhathi — ezithokozisayo kanye nezibhulungu. Kepha noma kuyisikhathi esinjani, njengabalandeli bakaJesu Kristu, sizakubeka ithemba Kuyena njengoba sihamba sibheke ekukhanyeni Kwakhe.

Kafushane, singabaNgcwele bakaNkulunkulu, abazimisele ukuba bafunde Ngaye, ukuba bathande Yena,

futhi sithande esikhonza nabo. Singabahambi endleleni ebusisiwe yabalandeli, futhi sizakuhamba ngokuqondile siya kwinjongo yethu engcwele.

Ngakho-ke, masibe ngabaNgcwele entwasahlobo, ehlobo, enkwindla, kanye nasebusika. Make sibe ngabaNgcwele kuzozonke izikhathi.

AMANOTHI

1. *Izifundiso zaboMongameli beBandla: uBrigham Young* (1997), 261–62.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

OboMongameli Bokuqala bafundisa, “Ezimbalwa izintshumayelo ezinkulu zishumayelwa ngokuhlabelela amaculo” (*Amaculo*, ix). Njengoba uxoxisana ngalomlayezo, cabanga ngokucula eyodwa yalamaculo kanye nalabo obafundisayo noma enye yeculo mayelana nokubekezelela ubunzima” (no. 85); “The Lord Is My Shepherd” (no. 108); or “Let Us All Press On” (no. 243). Uma uthola ugqozo, yabelana ngezikhathi lapho isikhathi esinzima empilweni yakho siye saphenduka saba yisibusiso.

INTSHA

Ngakwazi Ukuhlukana Nobhulungu Bami

Ngu Juan Zhu

Ngenkathi umfowabo mngane wami uChen kanye nomkakhe bebhahadiswa ewodini yethu, ngajabula kakhulu. Emva komnyaka bebhahadisiwe, bahlanganiswa phakathi ethempelini, futhi nomfana wabo owashona ngaphambi kokuba bajoyine iBandla wahlanganiswa kanye nabo. Kwakujabulisa kakhulu ukubona uChens ekhula ebandleni.

Umfo uChens washona engozini yenqola kumnyaka olandelayo. Emva kwengozi, ukushona kwakhe kwakuhlezi kusenqondweni yami futhi njalo ngihlezi ngiphupha ngakho. Ngavuka ngikhala futhi ngizibuza kaningi, “Kungani? Kungani iNkosi ivumela izehlakalo ezinjena ukuba zenzeke na? Kungani into enjena yenzeke emndenini omuhle kanjena?” Ngolunye usuku, ngenkathi ngihlupheka ngalemibuzo, ngathatha incwadi yesifundo futhi ngafunda lamagama avela kuMongameli uSpencer W. Kimball (1895–1985):

“Uma sibuka impilo yokufa ngokwenyama nje-
ngeyokugcina empilweni, ubuhlungu, ukudumala,
ukuhluleka, futhi impilo emfishane izakuba ukuhlu-
pheka okunzima. Kepha uma sibuka impilo njengento
eyangunaphakade elulekela kude empilweni eyadlula
yangomoya futhi nakwisasa elingunaphakade emva
kokufa, bese zonke izehlakalo zingabekwa ngendlela
efanelekileyo. . . .

“Asilethelwanga izilingo ukuze sivivinywe amandla
ethu, ukugula ukuthi sikwazi ukufunda ukuba nesi-
neke, sife ukuze sikwazi ukungaphinde sife ngokwe-
nyama futhi siphakamiselwe phezulu na?”¹

Kulesosikhashana, ngakhetha ukuhlukana nobu-
hlungu bami futhi ngabheka kwisasa elithenjisiwe
futhi elizokubakhona. Ngabona ngamehlo enqondo
yami uMfo uChen ejabulile futhi ehlangene kanye
nomndeni wakhe. Ukubona lokho kwaletsa uxolo
kimi. Ngiyazi ukuthi uBaba waseZulwini uzakusinikeza

inhlakanipho kanye nesibindi ukuba sikwazi ukubhe-
kana nobunzima.

Umbhali uvela eTaiwan.

AMANOTHI

1. *Teachings of Presidents of the Church: Spencer W. Kimball* (2006), 15.

IZINGANE

Ukusebenza ngokusiza Ezikhathini Zonke

UMongameli uUchtdorf usifundisa ukuthi kumele
“sisebenze ngenjabulo futhi ngentando yethu
kuzozonke izimo kanye nezikhathi zonke.” Iziphi ezinye
zezindlela ongasebenza ngokusiza abanye ebusika? Iziphi
ezinye zezindlela ongasebenza ngokusiza entwasahlobo?
Kanganani ehlobo noma enkwindla? Bhala phansi imi-
cabango yakho esikhathini ngasinye. Ungacabanga uku-
zama usebenzise enye yemicabango yakho kulenyanga!



Ukholo, Umndeni, Inkululeko

Ukuzimela Ngokwakho

Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxisana ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangotho Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku reliefsociety.lds.org

Ukuzimela ngokwakho yikhono, nokuzibandakanya, futhi nokuzama ukuzenzela izinto imiphefumulo yethu kanye nemizimba yethu futhi nemindeni yethu.¹

Njengoba sifunda futhi sisebenzisa lemithetho yokuzimela ngokwethu emakhaya ethu kanye nasemphakathini, siba nethuba lokunakekela abampofu kanye nabasweleyo futhi sikwazi ukusiza abanye bakwazi ukuzimela ngokwabo ukuze bakwazi ukumelana nezikhathi zobunzima.

Sinelungelo kanye nomsebenzi wokuba sisebenzise intando yokhetho ukuba sikwazi ukuzimela ngokwethu ngokomoya ongcwele kanye nokomzimba. Uma sikhuluma ngokuzimela ngokomoya ongcwele kanye nokuthembela kuBaba waseZulwini, iGosa u D. Hales weKhoramu Yabapostoli Beshumi Nambili wafundisa: “Siyaguquka futhi sibe ngabazimele ngokomoya ongcwele njengoba sikhulekela ukuphila izivumelwano zethu—ngokuthabatha isidlo seNkosi ngokuvumelekile, ngokuvumeleka ukungena ethempeleli, kanye nokuzinikezela ekusebenzeni ngokusiza abanye.”²

Igosa uHales wasiyala ukuba sibengabazimele ngokomzimba, “okusho ukuthi sithole imfundo ephakeme noma silolongelwe umsebenzi, sifunde ukusebenza, futhi

siphile ngendlela efanele amandla ethu. Ngokugwema izikoledi futhi sibeke imali manje, siyazilungiselela umsebenzi weBandla ophelile eminyakeni ezayo. Injongo yokuzimela ngokwethu ngokomzimba kanye nokomoya ongcwele ukuba sizikhweze endaweni ephezulu ukuze sikwazi ukuphakamisa abanye abaswele.³

Kuvela embhalweni Ongcwele

uMatewu 25:1–13; 1 uThimothewu 5:8; uAlma 34:27–28; Imfundiso kanye Nezivumelwano 44:6; 58:26–29; 88:118

Kuvela Emlandweni Wethu

Emva kokuba Abangcwele behlangene eSalt Lake Valley, leyo okwakuwugwadule olwaluqhelile, uMongameli uBrigham Young wayefuna ukuba bandlondlobale futhi basungule amakhaya angezokuya ndawo. Lokho kwakusho ukuthi Abangcwele kwakumele bafunde amakhono lawo azakubenza ukuba bakwazi ukuzimela ngokwabo. Kulomzamo, uMongameli Young wayenokholo olukhulu kubona, amathalente, ukholo, kanye nentando yabesifazane, futhi wabagqugquzela emisebenzini yabo eqondile. Ngenkathi imisebenzi eqondile yodade Benhlangano Yabesimame Yenkululeko isivame ukwehluka namuhla, imithetho isahlezi injalo.

1. Funda ukuthanda umsebenzi futhi ugweme ukuhlala ungenzi lutho.
2. Thola umoya ongcwele wokuzimela ngokwakho.
3. Vuma imisebenzi ebhekene nawe ukuze uthole amandla womoya ongcwele, impilo, imfundo, umsebenzi, imali, ukudla, kanye nezinye zezinto ezidingekayo ekuxhaseni impilo.
4. Khulekela ukholo kanye nesibindi ukuba ukwazi ukubhekana kanye nezivivinyo.
5. Qinisa abanye abadinga usizo.⁴

AMANOTHI

1. Bona *Handbook 2: Administering the Church* (2010), 6.1.1.
2. uRobert D. Hales, “Coming to Ourselves: The Sacrament, the Temple, and Sacrifice in Service,” *Liahona* kanye *Ensign*, uMeyi 2012, 34.
3. uRobert D. Hales, “Coming to Ourselves,” 36.
4. Bona *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 51.

Ngingenzenjani?

1. Ngibasiza kanjani odade engibaqaphile ukuba bathole izimpendulo kwizidingo zabo zamanje kanye nezangomoya ongcwele.
2. Ngiyaphakamisa ukuzimela ngokwami ngokomoya ngokuzilungiselela isidlo seNkosi kanye nokuzinikezela ekusebenzeni ngokusiza abanye na?

© 2013 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/12. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/12. Translation of *Visiting Teaching Message, September 2013*. Zulu. 10666 783